

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngomkhosi wokubonga ukuvuna, ngomhla ka 02. 09. 2012

43/2012

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 16/27

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Mninimandla-onke, Baba onesihawu, ovula isandla sakho, wasuthisa ukufisa kwakho konke okuphilayo, siyabonga ngokuzithoba konke, ngokuba wanisela amasimu ethu ngesibusiso sakho, wasipha ukuvuna, nokuthola izithelo ngokusha lonyaka. Siyacela, sithi: Busisa, ulondoloze imbewu yezwi lakho elitshaliwe ezinhliziyweni zethu, sithele izithelo zokulunga, sikukhiphele iminikelo yokubonga njalo, ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-2 kwabaseKorinte 9:6-15;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 12:13-21.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise .

5. Iculo 26/136

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe ku 1 Thimothewu 4:4-5, lithi: “Ngokuba konke okudalwé nguNkulunkulu kuhle; akulahlwa-lutho, uma kwamukelwa ngokubonga, ngokuba kungcweliswa ngezwi likaNkulunkulu nomkhuleko.” Amen.

8. **Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, lezizindima esisand’ ukuzizwa zikethiwe, zibe izwi lentshumayelo yomkhosi wokubonga ukuvuna ngokohlelo lwesine ezihlabelelweni zethu. Umphostoli uPawulu wayefanele ukubhala izwi lentshumayelo yanamuhla, ngokuba kwakukhona ababesakaza izedukiso ezimbi esikhathini sakhe. UPawulu uyazibiza ngokuthi ziyizifundiso zamademoni, wabhala, wathi: “Kepha uMoya usho ngokuchachileyo ukuthi ngezikhathi zokugcina abanye bayakuhlubuka ekukholweni, benaka omoya abadukisayo nezifundiso zamademoni, ngokuzenzisa kwabaqamba amanga abashiswé uphawu kunembeza wabo, benqabela ukuganana, bethi akuzilwe ukudla akudalayo uNkulunkulu ukuba kwamukelwe ngokubonga yibo abakholwayo nabalazi iqiniso,” 1 Tim. 4:1-3. Abanqabela ukuganana, nabathi akuzilwe ukudla okwezinhlobo ezithile basazungeza izwe nesikhathi sethu, njengalokhu bebehlupha amakholwa

ngeminyaka yonke, kuqala esikhathini somphostoli uPawulu, nasesikhathini sokucandulwa kwekerike, nanamuhla kusenjalo.

Emkhosini wokubonga ukuvuna siyakhumbuzwa ukuba singadeleli izipho zikaNkulunkulu esidalweyo nguye ngokuzisebenzisa ngendlela embi, kodwa sizamukele ngokubonga, sizisebenzise ngokwentando kaNkulunkulu, sibonge ukuvuna, ngokuba

1. Ziyizipho zikaNkulunkulu ezinhle;

2. Ziyizipho uNkulunkulu abongwa ngenxa yazo;

3. Ziyizipho ezingcweliselwe uNkulunkulu.

1. Izithelo zamasimu, nezezihlahla, nemivuzo yonke yemisebenzi yethu kuyizipho zikaNkulunkulu ezinhle. Kuyisifundiso esikhulu esimelwe ukusimela esikhathini sanamuhla, ngoba esikhathini sanamuhla kukhona abaningi abacabangayo ukuthi izithelo ziyavela nje, uma umuntu esebenzisa ulwazi olusha oluqondene nokulima amasimu, ngokuthela umanyolo, ukutshala imbewu yohlobo olusha, nangokuqaphelisisa izihlahla zezithelo ngokutshala uhlobo olulungileyo, noma ngokukhetha uhlobo lwezinkomo olukhula kangcono. Bathi: Umuntu futhi umelwe ukukhuthalela umsebenzi wakhe ngokwezimiso ezimisiwe ngabantu, nokusebenzisa imali yakhe ngokuhlakanipha okusha, bathi: Khona imali iyakwanda nje, umuntu uzothola izithelo nemivuzo emikhulu. Asideleli, asimelani nolwazi nezifundiso ezintsha imisebenzi enziwe kangcono ngazo, kodwa izwi lentshumayelo yanamuhla lithanda ukusikhumbuza ukuthi zonke izithelo, nemivuzo yonke iyizipho zikaNkulunkulu. Nguye obusisayo imisebenzi yethu. Uma uNkulunkulu enganiki imvula ngesikhathi sayo, amasimu awayikuthela lutho. Uma uNkulunkulu engabusisi umsebenzi wethu, nemivuzo yawo iyakusweleka impela. Iyizipho zikaNkulunkulu ezibusiswa nguye ngenxa yobubele nomusa wakhe, enguBaba noNkulunkulu wethu, kungekho ukulunga nokufanela kwethu.

2. Ngakho lokhu simelwe ukuzwa nesifundiso sesibili sezwi lentshumayelo yanamuhla, esithi: Ukuvuna kuyisipho sikaNkulunkulu esimelwe ukumbonga uNkulunkulu ngenxa yaso. Izwi lentshumayelo yanamuhla lithi: “Akulahlwa-lutho, uma kwamukelwa ngokubonga.” Abantu abangamaKristu awamukeli nje izithelo zamasimu nezezihlahla, nokwanda kwemihlambi, bayakwamukela ngokubonga, ngokuba bayakhulwa ukuthi kuyizipho zikaNkulunkulu ezinhle. Okusho ukuthi abavumelani nabo abamisa imitheshwana ukulahlwa izinhlobo ezithile zokudla ngokuqinisa ukuthi kuyisono nje, uma zisetshenziswa ngamakhulwa. Abantu abangamaKristu bamelana nabanjalo. Bafunda eNkosini obizayo kithi ukuba sizwe, siqonde ukuthi “akusikho okungena emlonyeni okungcolisa umuntu; kepha okuphuma emlonyeni lokhu kungcolisa umuntu.” Ngithi kwaziwe ukuthi kulendawo iNkosi ayikhulumi ngentuthu kagwayi, kodwa iyakhuluma ngemicabango emibi, nezizindlo ezimbi, ngisho ukubulala, ukungathembeki kwabaganeneyo, ukuphinga, ubufebe, ukweba, ukufakaza amanga, ukuhlambalaza. Yikho okuyakumngcolisa umuntu. Kodwa

izinhlobohlobo zokudla ezamukelwa ngokubonga uNkulunkulu azingcolisi umuntu, uma zidlwa. Kuphela okudingeka ukuba kuqashelwe ukuthi iNkosi iyabiza kithi ukuba zonke izipho zakhe zisetshenziswe ngokuzibamba nangokuzithiba. Uma zisetshenziswa ngokungafanele, kuyangena icala. Uma umuntu ezamukela ngokubonga ezandleni zikaNkulunkulu, akukho lutho okulahlwayo. Uma zingamukelwa ngokubonga, akukho esikwabelwe nguNkulunkulu okumelwe ukulahlwa, kodwa abantu abakwamukelayo ngaphandle kokubonga, banecala phambi kukaNkulunkulu, ngokuba bayamdelela uMuphi, uMabeli walezizipho. Kunjalo maqondana nezipho zezithelo zamasimu, noma emihlambini, nakuyo intuthuko ekufundeni, noma maqondana nezipho ezabelwa nguNkulunkulu ohlangothini lokomoya.

3. Ukuzamukela ngokubonga, kungukuzamukela ngentokozo enkulu futhi kuNkulunkulu, nangokwazi ukuthi zingcweliselwe, zihlukaniselwe uNkulunkulu. Yiso isifundiso sesithathu esimfushane sezwi lentshumayelo yanamuhla, elithi: “Ngokuba kungcweliswa ngezwi likaNkulunkulu nomkhuleko.” Sesizwile ukuthi izipho zokuvuna azinakulahlwa, ngokuba izwi likaNkulunkulu liyasitshela kahle ukuthi ziyizipho zikaNkulunkulu, uNkulunkulu uyabongwa ngenxa yazo. Uma izwi lifakazela leliqiniso kanjalo, lezizipho azinakushaywa ukuthi zingcolekile, kodwa zinokwamukelwa njengezipho ezingcwele. Izwi likaNkulunkulu liyazingcwelisa. Futhi ngomkhuleko egameni likaJesu Kristu, ngokuzicela eNkosini, siyafakaza ukuthi siyathemba ukuthi sizozamukeliswa, nokwabelwa ezandleni ezingcwele zikaNkulunkulu. Manje sesizamukele ngokubonga siyazibuyisela kuNkulunkulu, asizisebenzisi ngendlela embi, kodwa siyazibeka phansi kobukhosi bukaNkulunkulu. Okusho ukuthi siyazisebenzisa, njengalokhu uNkulunkulu ethanda ukuba zisetshenziswe. Ziyakhishwa ekusetshenzisweni zalomhlaba, nasemandleni kaSathane, siyabuyiselwa, siyahlanganiswa ngokusha negama likaNkulunkulu, nombuso wakhe. Azisetshenziswa, zibe phansi komthetho womubi, kodwa ziyasetshenziswa, zibe phansi kombuso kaNkulunkulu ngokwentando yakhe.

Kusele kuphela ukuba sizihlolisise ngokubuza ukuthi sizamukele izipho zikaNkulunkulu ngokuthi ziyizipho zikaNkulunkulu ezinhle, nangokumbonga ngenxa yazo na? Sizisebenzisile yini njalo ngokwentando kaNkulunkulu na? Lemibuzo iyasibuyisela esibikweni ukuba sivume izeqo zethu phambi kukaNkulunkulu, sicele ngokusha ukuba uNkulunkulu asithethelele egameni likaKristu, sithethelele ngenxa yakhe ngomusa kaNkulunkulu nasodabeni lokusebenzisa izipho zokuvuna, silungiselwe ukuzisebenzisa njalo ngokwentando yeNkosi. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu Baba osezulwini, sibonga izwi esisand’ ukulizwa. Mawusisize ngoMoya wakho oNgcwele ukuba sililondoloze ezinhliziyweni ezilungileyo, sikholwe yilo, sihambe ngokwentando yakho. Mawusizwe ngenxa kaJesu Kristu, iNdodana yakho, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 11/21

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyi zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2006 ngu-E. A. W. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.